

26 July 1901

NEWSPAPER:	<i>Ipepa lo Hlanga</i>
DATE:	26 July 1901
Transcriber's note(s):	No author. Presumed written by Magama Magwaza Fuze.
CONTENTS:	Description of Ekukanyeni, location and what was outside and within the premises: houses and rooms, and what they were used for. Also mentions positions of trees, a burial site, a river called imBindolo named by Mr William Ngidi.
CONTENT WARNING:	Nil

### Umuzi Ekukanyeni.

#### IV.

Umuzi wabe umkulu kakulu unendhlu yokukuleka ebizwa ngokuti St. John's, okwakufundiselwa kuyo ezinsukwini zemisombuluko abafana laba ababebutiwe. Umuzi wab'umi okalweni oluhle olusuka enhla emadotyeni lawaya angas'enzansi kwenkangala eyabe yakiwe u Dokotane ka'Nontshebe wakwa'Camu nama Bhaca ake; lwehle njalo lolo'kula luzu lufike eMsunduze, ngalapa bekw'ake kona oNsimanngo ka'Ndengezi wakwa'Mahlase, nau'Nhloile ka'Mpongo wakwa'Dhladhla, nauSotenjwa wakwa'Nxele, uno Zibekabeni ka'Ngcebeza wakwaZondi; emfundeni enhle, e'siqunga'sindo esesabekayo.

Pakati kwezindhlu ezis'ekaya kwakukona indhlu enomcindezelo, lapa kufundiselwa kona abafana ukuba b'azi ukucindezela nokutunga izincwadi; okwaqalwa ukucindezelwa kuyo le'ncwadi yokukuleka neyezindab'ezinhle, kanye nazo zonke ezinye lezi ezikona nanamhlanje.

Eduze ngas'entshonalanga komuzi kukona umuti omkulu omude, oso umdala, umkamba, okupanyekwe kuwo insimbi etshaywa ekuseni nas'emini nakusihlwa, nangezinkati zonke ezimisiweyo.

Enzansi kwomuzi ngas'eningizimu kwomuzi kukona indawo enhle yamaliba, nganeno kwensimu enkulu, okwabe kulinywa kuyo umbhila nezinye izilimo zenkosi. Amaliba lawo alondwa kahle ngezinkati zonke ukuba angatshi, ngoba kwenile kakulu.

Emkatini wamaliba nomuzi was'Ekukanyeni kukona isihlahla esihle esikulu somunga, esati uba siguge siwe kwaqamuka izihlahla eziningana ezizalwa yiso, yase iti leyo'ndawo yapenduka isigxana, loku ibe ikade iyinkangala. Loko kwasekubonakalisa, kulowo nalowo obukayo, ukuti izinto zonke ziyazalana njengabantu nezilwane.

Ngas'entshonalanga komuzi kukona umfudhlana obizwa ngokuti imBindolo owona kupuzwa wona. Lowo'mfudhlana usuka kona ngas'emadotsheni lawo asuka ukalo lolo olw'ake umuzi; wehle njalo umfundhlana lowo uye ungene eMsunduze.

Petsheya kwem'Bindolo kwakw'ake izindhlu zama Kristo; kulapa ab'enikwe ukuba ake kona. Kwakutiwe azakwakelwa izindhlu kona, kodwa azakela wona ezinye ngokwawo. Yab'inhle ngempela leyo'ndawo, yabe yenile kakulu.

Leli'gama lokuti "imBindolo" laqanjwa ng'umnumzana omkulu owab'einsika yomuzi Ekukanyeni u William Ngidi, owab'ehlala nenkosi imihla ngemihla lapa ikipa izincwadi olimini lwabelungu nolwamaHebrew, eng'umluleki wenkosi futi ezi[n]dabeni eziningi ey'innceku [ey'inceku] futi, ey'induno [ey'induna?] futi kwezinye izindawo. Yena-ke kanye nabafofawo o Jonathan no Betshu b'azakela ezabo izindhlu; u William no Betshu babez'ake ezabo ngas'entshonalanga kwawo lowo'mfudhlana, wati uJonathan way'ake eyake enhla nawo ngas'empumalanga.

Enzansi kwemBindolo ngas'empumalanga kukona indhlu enetshe lokugaya kulapo bekugaywa kona impupu yomuzi wonke. Itshe lelo linabaninilo aba izinduna zalo abalipeteyo. Lisebenza ngamandhla imihla yonke impupu ezakwabelwa abafana abafundayo, izikwata ezisebenzayo, kanye nenkosi uqobo lwayo nabanta'bayo.

Kulolu'kalo oluhle olw'ake umuzi kulinywe insimu enkulu yemiti – imvamo yayo ilolu'hlobo lomSERINGA [is this 'umsilinga' tree?] kanye ne OAK. Insimu leyo inkulu iqede ukalo itshalwe ngas'enyakato nangase'empumalanga nangas'etshonalanga kwomuzi.

#### LEGEND:

- [ ? ] incomplete, illegible word(s)
- [ ] notes and words by transcriber

#### TRANSCRIBER:

Sizakele Gumede for FHYA, 2022.  
Student, MA in Historical Studies, UCT.